# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto 2 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 06. 06. 2010 33/2010

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 142/125

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Mthathwemunye, Baba, sibonga uthando osiphe lona namuhla. Siyacela, Nkulunkulu, ukuba usigcwalise ngoMoya wakho oNgcwele ukuba asikhanyisele, siqonde izwi lakho ngeqiniso, sisize ngomusa wakho ukuba ngenkonzo yanamuhla sibe nokukhanya sihlale njalo singabantwana bakho, sazi ukuthi wena ukhona phakathi kwethu, sicela konke lokhu ngeNdodana yakho ethandekayo ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen

3. Iphistola ngohlelo lwesine lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 14:1-3.20-25;
Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuLuka 14:15-24.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 217/151
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Iphistola** ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 2:17-22, lithi: "Weza washumayela ivangeli lokuthula kinina enanikude, yebo, ukuthula nakubo abaseduze. Ngokuba ngaye sinokungena sobabili ngoMoya munye kuYise. Ngakho aniseyibo abafokazi nezihambi, kodwa senimbuso munye nabangcwele, ningabendlu kaNkulunkulu, nakhiwe phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaprofethi, uKristu Jesu uqobo lwakhe eyitshe legumbi, okuhlanganiselwe kuye isakhiwo sonke, sikhule sibe-yithempeli elingcwele eNkosini, okukuyo nani, nakhiwe kanye nabanye, ukuba nibe-yindlu kaNkulunkulu ngoMoya." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, lamazwi anamuhla ayasikhumbuza ngoJesu Kristu. Umphostoli uPawulu usikhumbuza ngevangeli elashunyayelwa nguKristu kubo bonke abantu ivangeli lokuthula. Lelivangeli likaKristu lenza ukuba bonke abantu basondele eduzane noNkulunkulu, bamukele insindiso evela kuye ngokukholwa nguJesu Kristu. Amazwi anamuhla ayasifundisa ngokuthi **sakhiwe phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaprofethi, kanjalo singabendlu kaNkulunkulu, ngokuba**

1. Silandiwe ngevangeli lokuthula;
2. UKristu uyinsika yethu.

1. Bandla elithandekayo eNkosini, kuliqiniso ukuthi singabendlu kaNkulunkulu, ngokuba **silandiwe ngevangeli lokuthula** sikude nendlu kaNkulunkulu. Abantu bedukile ngezinto zasemhlabeni, sebekhohliwe uNkulunkulu. Yena akazange abalahle, kodwa wenza isimanga sokuthumela uJesu ukuba ashumayele phakathi kwabo indaba enhle yokuphenduka, babuye, babuyisane noNkulunkulu, babuyele, babe sendlini kaNkulunkulu yokuphila kwaphakade. UKristu Jesu akakhethanga ukuthi obani abafanele bashunyayezwe ivangeli lokuthula, kepha lelivangeli walishumayela kubo bonke abantu nalabo ukuba babe yisizwe esingcwele sikaNkulunkulu, kepha ngentshumayelo yakhe yokuphenduka yenza ukuba bonke abantu nabangaphandle bamukelwe, babe mbuso munye nabangcwele. Ngakho-ke ngokukholwa kwethu ivangeli elikaKristu siphiwe umusa ngaye wokuba singene endlini kaNKulunkulu ngoMoya munye kaNkulunkulu, ngokuba uJesu uqobo uthi: “Mina ngiyisango, uma umuntu engena ngami, uyakusindiswa, angene, aphume, afumane idlelo,” Joh. 10:9. Impela ngalamazwi uJesu uyasikhombisa ukuthi ngevangeli lakhe lokuthula usilandile ngalo ukuba sibuye sihlale endlini kaNkulunkulu, ngokuba akakho omunye ongasingenisa endlini kaNkulunkulu embusweni wakhe waphakade nguJesu kuphela,

uma simamukela silalela izwi lakhe levangeli ngeqiniso. Kanjalo sihamba njengokusho kwezwi lakhe, yena uyasivulela indlela eya kuBaba osezulwini, uyakufakazela lokho ukuthi yena uyindlela neqiniso, nokuphila akakho oza kuYise ngaphandle kwakhe, Joh. 14:6. Okusho ukuthi ngaphandle kukaJesu umuntu olahla, noma ongamukeli ivangeli lakhe akanakho ukuya kuNkulunkulu, ahlale endlini yakhe. Ngakho-ke thina silandiwe ngevangeli lokuthula likaKristu, sikude, sidukile, wasenza ukuba ngaye sibuyisane noBaba osezulwini. Masihlale njalo silalela izwi levangeli, sihlale singabendlu kaNkulunkulu, sifakazele izwi lomprofethi uIsaya elithi: "Zimnandi kangakanani ezintabeni izinyawo zoletha izindaba ezinhle, nomemezela ukuthula, obika izindaba ezinhle, ezwakalise ukusindiswa, oshoyo kulo iSiyoni ukuthi: UNkulunkulu wakho uyiNkosi," Isaya 52:7. Yebo, nathi, masijabulele lezizindaba ezimnandi, simamukele uKristu sihlale naye endlini kaNkulunkulu, sibe nokuthula okuvela evangelini lakhe.

2. Kunjalo, bathandekayo eNkosini, uma uJesu esilanda ngevangeli lakhe lokuthula, uyahlala phakathi kwethu **abe yinsika,** njengoba thina sakhiwe phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaprofethi. Njengoba abaphostoli nabaprofethi bakwazi ukufakaza ngoKristu Jesu, nathi senziwe isakhiwo sikaNkulunkulu ukuba sithwale ivangeli likaKristu, silishumayele, sikhule sibe yithempeli elingcwele leNkosi. Thina sonke esiyibandla likaKristu siyisakhiwo sikaNkulunkulu, sihlanganisiwe ukuba uKristu uqobo abe yinsika phakathi kwethu. Nathi simelwe sifane nabaphostoli nabaprofethi bona abangazange bangabaze ngamazwi eNkosi, kodwa balalela, benza lokho iNkosi eyayibalayeza khona. Yingakho nathi simelwe sakhiwe sibe-yindlu kaNkulunkulu phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaprofethi lapho uKristu eyinsika eqinileyo. Simelwe ukufunyaniswa lapho sihlangene khona siyisakhiwo sikaKristu, ngokuba ngomusa wakhe thina esasikude noNkulunkulu wasizuza ukuba sibe-yindlu kaNkulunkulu ngevangeli lakhe lokuthula. Yilowo nalowo ongenakho lokhu kuthula kwevangeli ngaphakathi kwakhe ungaphandle kwesakhiwo sikaNkulunkulu, usekude. Kanjalo ababekile uKristu abe yinsika yabo. Ngakho-ke siseduze noNkulunkulu ngenxa kaKristu osenzele lokho ngegazi lakhe. Masibambelele othandweni lukaKristu asenzele lona ukuba siphume endlini kaSathane yobumnyama, singene ekukhanyeni endlini kaNkulunkulu. Ngakho-ke masimmeme uKristu abe yinsika yethu, sihlale njalo, sakhiwe phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaprofethi ukuba sibe yindlu kaNkulunkulu nesakhiwo esipheleleyo.

INkosi mayisibusise, isikhanyisele ukuze nathi singafunyaniswa sikude, futhi singekho esakhhiweni sikaNkulunkulu, kepha sitholakale sikhona, ngokuba siyizwile intshumayelo kaKristu yevangeli lokuthula, nathi sibe nokuthula, singene endlini kaBaba osezulwini, sihlale kuyo njalo. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, siyabonga, ngokuba usasilondoloza ngezwi lakho, siyacela ukuba usenze sibe yisakhiwo esiphelele sakho ukuba sibe ngabendlu yakho, futhi uzivule izindlebe zethu, silalele njalo ivangeli lakho, sithokoze kuze kube phakade. Mawusisize ukuba sithole njalo ngamasonto onke emabandleni ethu onke intshumayelo yevangeli lakho lokuthula. Sicela lokhu ngenxa yomusa wakho okhona njalo-njalo ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 141/126

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1998 ngu-M. S. Danisa
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.